1z1ndaba

AH%â\200\230%â\200\230Q@I:-â\200\230?,-H-’

"

bR i A

e KRG

ISOLEZWE ULWESINE NOVEMBA 11, 2010

â\200\230-ANC ne-IFP abasoze ba

NONHLANHLA SHANGASE

MHOLI we-IFE, uDkt

Mangosuthu Buthelem

uthi kuningi
okwashiywa kulenga
phakathi kwe-ANC ne-IFP
futhi kusekude kabi ukuthi -

kungaba khona ukubuyisana -

nomoya wokuzwana kula
magembu ngoba akekho
owake wavuma amacala akhe.
UButhelezi
(osesithombeni) ubephawula
embhalweni wakhe
wamasonto onke, i-IFP
â\200\230Online, ngokugxekwa kwakhe

’ngokuhoxa emcimbini

obuseMgungundlovu
ngempelasonto obekuhloswe
ngawo ukuthi la magembu
womabili abuyisane ngemuva
kweminyaka ewu-20
wokuklwebhana
kwezepolitiki,

Uthe akukho kubuyisana

okungaba khona ku-ANC ne-
IFP kungakaze kube khona
ovumayo ukuthi waba

yimbangela yokufa kwabantu.

â\200\234Yize izimpi zaba khona
ngo-1991 kodwa namanje
kusaghubeka ukubulalana .
okuhlobene nepolitiki. -

EGauteng naKwaZulu Natal
kwenzeka kakhulullokhu uma
sekusondele ukhetho,â\200\235 usho
kanje.

UShenge wagxekwa

yizinduna nezinye izikhulumi

- kulo mcimbi, kwathiwa

akazinikele ekutheni kube
noxolo kula magembu.
Kodwa uthi yena kudala .
agala ukuzama ukuthi kube
nokubuyisana kula
magembu. Waqala
ngesikhathi uMnuz Nelson.
Mandela esewuMengameli
wezwe kodwa wehluleka.
â\200\234Ngake ngazama ukuthi

sibe ne-rally eyodwa
ne-ANC, uMandela wavuma.
Kodwa gwigiqi ngezwa
sekuthiwa kunesigejana
se-ANC esingakufuni noma

-sikubone lokhu esasizama

ukukwenza okwagcina
ngokuthi uMandela
akuhoxise,â\200\235 kusho
uButhelezi.

Uthe uphinde wazama
futhi ukwenza lokhu
noMengameli Jacob Zuma

kwanhlanga zimuka nomoya,

manje usalinde impendulo
kwiPhini lakhe, uMnuz
Kgalema Motlanthe,

b

â\200\234Manje uNdunankulu )
waKwaZulu-Natal usenza.
sengathi sahoxa kulo mcimbi
kanti kwasekuqaleni asikaze .
sivume ukuba yingxenye
yawo. Umbuzo esizibuza wona
owokuthi kungani kufanele
kube nemicimbi efuze le
manje,â\200\235 usho kanje.

Uthe bekufanele engabe
lokhu kubuyisana kwenziwa
ngendlela okuyiyo ukuze
kuphole izilonda ezisabhibha
namanje kubantu baseTylors
Halt.

Uhulumeni waKwaZulu-
Natal uthi uButhe1e21

y

wayevumï¬\202e ukuba yingxenye
yalokhu kodwa wabuye
washayela uMkhize ucingo
emazisa ngokuhoxa kwakha o

Isexwayiso ngodlame kubalandeli baka-VZ nabakaShenge

CELANI SIKHAKHANE

ABAHLAZIYI bezepolitiki KwaZulu-Natal sebexwayise ngodlame olungase luqubuke phakathi kwabalandeli be-IFP abeseka uSihlalo waleli gembu nabeseka uMengameli walo, uDkt Mangosuthu Buthelezi, kusasa enkantolo yaseMgungundlovu.

Lokhu kulandela ukusabalala kwamahlebezi okuthi izinhlaka zombili zaleli gembu zilungiselelwa ingwaba yamabhasi azothutha abalandeli ukuyokweseka laba baholi uma sekulalelwa isicelo

esifakwe nguNkk Zanele Magwaza-Msibi enkantolo. Labo abesekauDkt Buthelezi kuthiwa bamatasa nemihlangano yokunxenxa

amakhansela ukuba agoge

abantu abazoya eMgungundiovu ukuyomeseka uma esebhekene noMagwaza-Msibi.

UMnuz Protas Madlala ongumhlaziyi wezepolitiki, uthe ukushiswa kwezikibha ezinobuso bukaButhelezi yikhona okuzophinde kubhebhezele uthuthuva phakathi kwalaba balandeli.

â\200\234Sekunmma ukuthi

bangabakhuza ngoba kugqala bekuthi uma sekukhulume uMntwana yehle i imimoya kodwa manje kubukeka â\200\234sekuphelile lokho, ngakho kunobungozi obuzoba khona okungaholela ekutheni kubanjwane ngezihluthu phakathi kwabalandeli bakhe nabakaSihlalo. Futhi bathukuthele kakhulu laba bantu ngakho kuzogothuka utshani uma kungabhekiwe kanti nokushiswa kwezikibha kudale enkulu inkinga,â\200\235 kuchaza uMadlala. .

UMnuz Nathi Mazibuko,
ongumblaziyi ozimele, uthe
inkinga enkulu ukuthi labo

abeseka uButhelezi basadla .

" ngoludala futhi basakholelwa
kakhulu kuye ngakho -

ukushiswa kwezikibha zakhe
yikhona okuzodala ukuba
balwe.

Uthe ingcindezi
esibhekene noButhelezi
ukuthi abalandeli sebehluleka
nglsho ukuzenzisa ukuthi
abasamfuni nokuylkho
okudale ukuba bashise

' izikibha ezinobuso bakhe,

Ughube wathi sekucacela

'noma ubani ukuthi lokhu

sekuwuphawu lokuthi
okwenzeke kuMnuz Thabo
Mbeki akusensuku zatshwala
kubonakale kuButhele21

obesatshiswa.

Le mihlangano kuthiwa
ibibanjelwe oLundi lapho
bekuhlelwa Kkhona amabha51
azothutha abantu
abazoyokweseka uButhelezi
kanti omunye omkhulukazi
kuthiwa uzoba ;
namhlanje eCecil Emert

eVryheid.

UMnuz VuÃ©umuz1 Slblya

- ongusomlomo kuMasipala

wasoLundi okuthiwa
usekhaleni lale mihlangano,

- uthe kungamampunge ukuthi
˜ umhlangano wasoLundi

obungoMsombuluko
bekungowegembu.
_ Uthe bekungokamasipala

kudingidwa izindaba
zentuthuko futhi kukhona
nezithunywa zaphesheya
ebezizonxenxwa mayelana
nokuthuthukisa uLundi.
UMnuz Albert Mncwango,
umgqugquzeli we-IFP :
kuzwelonke, uthe akazi ngale

_' xmhlangano ngoba igembu

alihlelanga lutho ngaphandle
uma kwenziwa yizinhlaka

’ zamagatsha eqembu.

* Uthe mayelana nodlame
olungase Juqubuke angeke
aphawule kakhulu ngalo
ngoba abantu bacikekile
ngesenzo sokushiswa
kwezikibha zeqgembu
nezinobuso bukaMntwana,

â\200\224
T
c
93]
33!
=
=<
=z
O
<
M
<
53]
m
T
–
P 4
o
Â£
o
o
=
o

BRI

TR

RE

e

Sekubhekwe ISInquUMOo
sejaji
ngenzukazikeyi

yombango
wobuholi kwiNkatha
Freedom Party (IFP
~ njengoba
U uNKk Zanele
Magwaza-Msibi
ephonsela
INkosi
Mangosuthu
uthelezi
inselelo

o,

UKE ANATAFULA

HfÂ¢1/h /:)â\200\231t:(o\

v

â\200\234â\200\234â\200\230[ MENZI JELE

SEKUPHENDUKE amatafula kwiNkatha Free-
dom Party (IFP) njengoba sekuqokwe izimeya
ezinisha komasipala abehlukene okubalwa
nowesiFunda uMkhanyakude, ogwini
olusenyakatho yeKwaZulu-Natal,

Kukhethwe uMnu Mandla Zungu ukuba abe
yimeya yaseMkhanyakude njengoba uMnu Law-
rence Mthombeni, obekulesi sikhundla edili-
zelwe kwesikasomlomo.

UMnu Lucky Ntshaba obeyiphini lemeya ku-
Masipala WaseMtshezi, ungene esikhundleni si-
kaMnu Maliyakhe Shelembe okhonjwe indlela
eNkatheni nasekubeni yimeya,

UMnu Shelembe utshele ILANGA ukuthi

- uzolilwela ilungelo lakhe lokukhetha abaholi
abathandwayo eNkatheni. Uthi okwamanje
ngeke adalule ukuthi uzosebenzisa ziphi izi-

â\200\230ndlela ngoba kusaghubeka icala lomholi aba-
mesekayo, onguSihlalo we-IFP kuzwelonke,
uNkk Zanele Magwaza-Msibi, eNkantolo
eNkulu eMgungundlovu. ;

â\200\234Labo abangixoshe kwi-IFP bathe yvingoba
| ngingayanga ukuyogondiswa izigwegwe, eku-
beni bese bengitshelile ukuthi ngingabe ngisa-
ba yimeya yaseMtshezi. | . ’

â\200\234UMnu Mangaga Mucwango, we-Political .
Oversight Commitee (POC) yeNkatha X
(ongumgqugquzeli kuzwelonke), ungibhalele
incwadi ngoZibandlela (December) ngonyaka
wezi-2009 encoma indlela umasipala engi-
wuphethe ngayo. . T

â\200\234Ngonyaka olandelayo (2010), ngakhethwa

[UAHER |

ukuthi’mgibe wuSihlalo we-IFP esiyingini
sasoThukela kodwa iPOC neNational Executive
Committee (NEC) yeNkatha bathi ukukhethwa kwami
kusho ukukhe-thwa kukaZanele ukuthi ahole igembu,

bathi ukhetho malugalwe phansi,â\200\235 kusho uMnu Shelembe.

UNKkk Nonkululeko Kheswa useyiMeya yaseDu-

_be, okuyisikhundla ebesiphethwe nguMnu Mpiyakhe Hlatshwayo. g

UMnu Hlatshwayo uthathwa njengomunye waba-

" holi abeseka uNkk Magwaza-Msibi ngoba ughudelane

neMeya yasehaQulusini, uMnu George Dlamini esi-khundleni sokuba wuSihlalo we-IFP esiyingini sase-Zululand.

IMeya uDlarnini kuthiwa kayiconsi phansi kwi-POC ne-NEC yegembu. . )

KuMasipala waseMtubatuba kuqokwe uNkk Cecilia Nomusa Banda, obeyiphini lemeya. Uthathe isikhund-la ebesiphethwe nguMnu Chris Swart.

UMnu Lennox Mabaso okhulumela uMnya-ngo

-WezokuBusa NgokuBambisana, uthi ngesikhathi kugo-

kwa imeya entsha eMkhanyakude imigudu efanele ila-ndeliwe kodwa kulaba abanye omasipala basazo-bheka ukuthi ngabe ilandeliwe yini: : ;

â\200\234Uma kukhethwa imeya kunoma yimuphi uma-sipala kufanele kuhlangane amakhansela ayini-ngiâ\200\231 bese kugewaliswa amafomu aphakamisa iga-ma lekhansela okufanele libe yimeya. .

â\200\234Uma kungalandelwanga leyo migudu ukhe-tho luthathwa njengolungekho emthethweni,â\200\235 kusho

" ubMnu Mabaso.

UMnu Thaho Phutini, iMenenja kaMasipala waseDu-mbe, wenaabile ukucacisa ngezinkulumo zokuthi kasihlatanga isigungu samakhansels kukheth-

wa ulNkk Kheswa njengemeya: â\200\230

â\200\234Bengingekho uNkk Kheswa ekhethwa kodwa kangifuni ukuphawula ngande ngalokho. Kukho-na engikuzwile,â\200\235 kusho uMnu Phuthini. :

UMgqugquzeli kaZwelonke we-IFP uMny Mnewango, uthi isizathu sokudilizwa kwezimeya |, kutshalwe ezintsha yingoba omasipala bhazo bebe-

- ngasebenzi ngendlela egeulisayo. Isigunguâ\200\231 esiphezulu se-IFP sinqume ukubhidliza uphiko IweSelf Protection Unit (SPU) ngoba lusolwa ngokweseks ulNkk Magwaza-Msibi. :

-˜˜˜ Amaphoyisa angangesikhonyane azotshalwa kusukela ekuseni ngovivi.

VIENZI JELE

KUBANJWE umoya njengoba kuvela usihlalo kaZwelonke weNkatha Freedom Party (IFP), uNkk Zanele kaMagwaza-Msibi, nabalandeli bakhe eNkantolo eNkulu, eMgungundlovu kusasa, ngoLwe-sithlanu,

UNKkk Magwaza-Msibi uzobe evela okwesibili phambi kwedaji Chiman Patel, ngoba efuna i-1FP ingamthatheli izinya-thelo zokugondiswa kKwezigwegwe, futhi ibize ingqungquthela okuzokhethwa kuyo ubuholi esilindelwe izinyanga ezili-16 kodwa ilokhu ihlehliswa,

Okukhuphula amaphaphu yisimemeze-lo esikhishwe ngamalunga eNkatha eseka ubuholi hukaMntwana waKwaPhinda-ngene, iNkosi Mangosuthu Buthelezi, athi nawo azobe etheleke ngezinkani enkanto-lo kusasa.

ILANGA lihoshe ngemithombo yalo ukuthi ihhovisi le-1FP eThekwini, eliyiko-mkhulu laleli gembu, lihlele amabhasi azothutha â\200\234amalunga ethembekileâ\200\235 aye enkantolo.

UNobhala wabalandeli bakaNkk Ma-gwaza-Msibi, abazibiza nge â\200\234Friends of Jnity, Change and Democracyâ\200\235, uMnu Za-wani Nene, uthi ukulethwa kwamalunga eseka ubuholi be-IFP kungadala ingxa-bano emageekeni enkantolo.

â\200\234Isigungu esiphezulu se-IFP sithe ama-khiansela, amalunga ePhalamende nawe-siShayamthetho maweze nabantu enka-ntolo kusasa. Lesi sigungu, ngomlomo

{
\

B A B
ol T o

"Ewu! Kwaze kwanzima..."

kaMfu Musa Zondi, sithe ama-Self Prote-clion Units (SPU)Y angabe esangena ema-hhovisini eNkatha ngoba ahambisana nathi. Ama SPU aqeqeshiwe kwezempi, uma esefika enkantolo ethola la malunga e-IFP ahambisana nobuholi esingaha-mbisani nabo kungasuka enye ingxaba-n0,â\200\235 kuxwayisa uMnu Nerne. UMgqugquzeli kaZwelonke we-1FP, .

ubnu Albert Mncwango, uthi amalunga
e-IFP amangele ebona kushiswa izikibha
zeqembu emageekeni enkantolo ngele-

dlule, manje asefuna ukuyobona ukuthi
ngobani abashisa iqgembu labo belitha-
nda kangaka. â\200\230

â\200\234Uma umuntu eshisa izimpahla zakho

. usuke eshisa wena uqobo. Oshisa isiki-

bha seNkatha ushisa yona uqobo lwayo.
Abantu bathukuthele bagane unwabu,
baluna ukuyobona ukuthi ngobani aba-
shisa iNkatha, igembu okukade babeli-
vikela ukuthi lingashiswa muntu.
â\200\234Abantu bafuna ukubona nalo Sihlalo
kaZwelonke weqembu osezama ukulivala
umlomno, athi jzinkinga zeqembu mazixa-
zululwe yijaji, ekubeni kwaziwa ukuthi
izinkinga eNkatheni zidalwe yiyona
i'I'riends of VZ' lena, Laba bantu bathi
bafuna kube nengqungquthela yeqembu,
kasikwenqabi lokho kodwa sithi izinhla-
ka emazingeni aphansi kazikalungi.
â\200\234Yiwona ama-TFriends of VZâ\200\231 abeshaya
abantu uma kunezingqungquthela zeziyi-
ngi. Kasazi kugasa kuzokwenzekani enka-
ntolo kodwa abantu bathukuthele baya-
veva. Njengabalholi sizobe sikhona nathi

ngoba kuboshwa thina kodwa kasihambi-

sani nokungqubuzana okungahle kube
khona,â\200\235 kushq uMnu Mnewango.
Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-
Natal, uBrigadier Phindile Radebe, uthi
amaphoyisa azotshalwa kusukela ekuseni
ngovivi eMgungundlovu kusasa futhi
azobe engangÃ©;sikhonyane. ;
â\200\234Ezokuphepha zizobe ziginiswe kakhu-
lu kusasa cnklntolo. Siqaphe noma yini
engase yenzeke,â\200\235 kusho yena.
menzij@ilanganews.co.za

MENZI JELE

INHLANGANO yabafundi edlelana ne-
Nkatha Freedom Party (IF’P), iSouth Afri-
can Democratic Student Movement (Sa-
desmo), isiphumele obala okokugala
yathi yeseka uSihlalo kaZwelonke wece-
mbu, uNkk Zanele kaMagwaza-Msibi.

Esitatimendeni esithunyelwe ngulMnu
Nduna Khanyile, owumholi weSadesmo
eDurban University of Technology (DUD),
eMgungundlovuy, le nhlangano ithi isikha-
thele ngabantu abakwi-IFP ngenhloso
yokuzicebisa bona.

Abafundi bakhala ngokuthi kabanaki-
we yize belisebenzela kanzima iqembu

ukuthi likhule ezikhungweni zemfundo
ephakeme.

â\200\234Kunabaholi abahlala eduze kwethu la
eMgungundlovu abangazinakile izingane
zabo iSadesmo, uma sibamema kabez,
Abanye bangamalunga esiShayamthetho!
lapha eduze kwethu eMgungundlovu,
kabasisizi ngalutho. Â»

â\200\234Amandla masiwasehenzise kahle. Iqe-
mbu nathi sizoliyeka uma lighuba kanje,
noma singavolti kuphinde kube yilabo
abambalwa abanikwa amandla okupha-
tha inhlangano abazoghubeka,â\200\235 kusho
isitatimende esikhishwe nguMnu Kha-
nyile.

Uphiko lwabal’u(m_li luthi nalo kusasa

{

" ngoLwesihlanu luzobe luphume ngobu-

ningi luzokweseka uNkk Magwaza-Msibi
ngoba ezobe evele enkantolo eMgungu-
ndlovu,

UMnu Thulasizwe Buthelezi oyilunga
lesiShayamthetho sakKwaZulu-Natal uthe
uyayeshwama le nto eshiwo ngamalunga
eSadesmo.

â\200\234UMnu Nduna Khanyile noThabani
Mncwango ngabaholi beSadesmo esise-
benza nabo kodwa ake uthinte abanye
uzwe uvo lwabo, ngeke ngaphawula lutho
ngalolu daba,â\200\235 kusho uMnu Buthelezi
obuye abe yiPhini likaMkhulumeli we-
IFP kuzwelonke.

menzij@ilanganews.co.za